

IZISEBENZI ZOMNYANGO WOKUTHELISA ZIBAMBE IZIDAKAMIZWA ZENANI LIKA R12 MILLION E-ORTIA

Pretoria, ngoLwesihlanu, 14 kuNhlangulana 2019 – Izisebenzi zoMnyango wokuThelisa kuleli sonto zibambe izidakamizwa ezigamekweni ezintathu ezihlukene zenani elilinganiselwa ku-R12 million uma zihlangene esikhumulweni sezindiza i-Oliver Tambo International Airport (ORTIA).

NgoLwesithathu, mhla ziyi-12 kuNhlangulana 2019, izisebenzi zoMnyango wokuThelisa zibambe umgibeli wesilisa obezama ukushushumbisa izidakamizwa ezingaphezulu kuka-3kg ze-heroin, ezilinganiselwa enanini elingu-R9,2 million, ezikhipha ngaphandle kwezwe.

Umgibeli wamiswa wabe esephoswa imibuzo izisebenzi zoMnyango wokuThelisa ngesikhathi egibela ibhanoyi elilibangise e-Europe. Wabe esecelwa ukuba ahambe nezisebenzi lezo baye endaweni lapho acelwa khona ukuba avule izikhwama zakhe, ezabe sezingeniwe ngaphakathi kodwa zabuye zakhishwa. Endaweni yokuhlola eseMnyangweni wokuThelisa izikhwama zakhe zahlolwa ngomshini zabe sezihlolwa kahle.

Ithimba loMnyango wokuThelisa lathola izinto ezazifihlwe ezikhwameni, okwatholakala ukuthi nembala yi-heroin emva kokuhlolwa. Wabe eseboshwa amaPhoyisa (CAS 106/06/2019).

Kwesinye isigameko, izisebenzi zoMnyango wokuThelisa zivalele umthwalo obufika e-Johannesburg uvela e-Lagos mhla ziyi-13 kuNhlangulana, kulandela ulwazi abaluthole luvela Ophikweni lwezobunhloli i-Crime Intelligence unit lomnyango wamaPhoyisa (SAPS CI).

Kuthe uma zihlolwa, ngosizo lwezinja ezihogela umkhondo, kwatholakala amaphakethe amane aqukethe u-4 kg we-ephedrine (crystal meth) wenani lasemgwaqeni lika-R2,2 million. Amaphakethe anikezwa amalungu e-SAPS' Directorate of Priority Crime Investigations (Hawks).

Iphakethe eline-ephedrine yenani elingu-R630 000 latholakala e-Mail Centre e-ORTIA. Iphasela elinesisindo esingu-2,8 kg, nalo lizodluliselwa emaPhoyiseni ukuze aqhubeke ophenyo.

Abakwa-SARS bakwenze ngempumelelo lokhu ngokubambisana ne-SAPS Crime Intelligence unit neminye iminyango eyenza umsebenzi ofanayo.